



OLD MUTUAL SUPERFUND

AMAPHUZU OKUFUNDISA ILUNGU

ISISHicilelo 8



Isikhathi seziTatimende zeziNzuzo zamaLungu: #THETIMEISNOW sokuhlola nokwengeza imali oyongela umhlalaphansi!

Ngabe imali oyongele umhlalaphansi onayo manje (imali ekhona ku-akhawunti yelungu) yanele ukuthatha kwakho umhlalaphansi ngelinye ilanga?

Kungenzeka ukuthi awunayo impendulo yalo mbuzo. Sivamise ukugxila kakhulu kusamba semali kodwa singagxili ngokwanele ekutheni ngabe lesi samba semali sizokwazi yini ukusingenisela imali eyanele ngelinye ilanga.

**Ukuphinda ucabange ngomhlalaphansi kumele kuqale ngombuzo olula:
"Kimina uyini umhlalaphansi omuhle?"**

Kubantu abaningi, 'umhlalaphansi omuhle' yilowo ozokwazi ukuphila ngezinga lempilo oyiphila manje ngesikhathi sakho somhlalaphansi ungadingi ukuncika ebantwaneni bakho esikhathini esizayo.

Ngamanye amazwi, 'umhlalaphansi omuhle' uzochaza ukuthi imali engenayo esiyitholayo iyazenela izidingo zenyanga, futhi inyuke ngokuhambisana nezindleko zempilo yethu impilo yethu yonke.

Ungathola kanjani ukuthi usendleleni eyiyo eya kumhlalaphansi omuhle?

Sekuyisikhathi seziTatimende zeziNzuzo zamaLungu kanti kufanele ukuthi ususitholile isiTatimende zeziNzuzo zamaLungu soNyaka (MBS) wezi-2018 ngenyanga kaNhlanguvana (Juni) sakwa-Old Mutual SuperFund.

I-MBS ikuhlinzeka ngemininingwane yemali oyongile yomhlalaphansi kuze kube manje, imininingwane e ingqiwe yezinzuzo zesikhwama kanye nezinkomba zokuthi uhamba kanjani kulokhu okuphokophele ngemali yakho ozoyithola ngesikhathi sakho somhlalaphansi.

Kunokuthi udlulise amehlo uma ufunda i-MBS yakho...yiprinte usebenzise yona ukuba nezingxoxo ezijulile nomeluleki wakho wezezimali. Uma ungenaye umeluleki wezezimali kodwa u isa ukuxhunyaniswa naye, shayela uSizo lokweSeka amaLungu i-Member Support Services kule nombolo 0860 38 88 73.

Okwamanje, ungabe usebenzisa [i-retirement calculator](#) ukuze ubone ukuthi malini okumele ngabe uyayifaka esikhwameni sakho somhlalaphansi njalo ngenyanga.



Ake sithi ke uphumile endleleni eyiyo kulokhu okuphokophele ngemali ozoyithola, usengakulungisa lokhu ngezindlela ezintathu:

1. Ungongeza imali oyifakayo noma uzifakele enye imali ngaphezulu engeyona impoqo (khuluma nomnyango wakwa-HR);
2. Ungabheka ukuthi enye indlela yokutshala imali ingaba nenzuzo enkulu yini (bheka uhlelo lwethu lokuhlela kahle izimali [our Financial Wellbeing Programme](#) bese ukhuluma nomeluleki wakho wezezimali); noma
3. Ungakwazi ukuthatha umhlalaphansi emva kwesikhathi esibekiwe (umhlalaphansi wesikhathi esiluliwe)

"Ingxenye enkulu yenkululeko kwezezimali ukuthi ingqondo yakho nenhliziyo yakho kungakhathazeki ngezinto ezingenzeka empilweni" - ngu-Suze Osman

OLDMUTUAL

CORPORATE

DO GREAT THINGS EVERY DAY

Indemnity: While every effort has been made to ensure that the information in this newsletter is correct, Old Mutual SuperFund Pension and Provident Funds and Old Mutual take no responsibility for any loss or damage suffered by any person as a result of their reliance on the information contained herein. Old Mutual is a licensed Financial Services Provider.